**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKULETHWA KWENTUTHUKO YEMIGWAQO EMZIMKHULU, MHLAKA 21 OCTOBER 2014.**

Mphathi wohlelo;
Amakhosi eseNdlunkulu akhona;
AmaLungu esiShayamthetho akhona;
Imeya yesiFunda iHarry Gwala uKhansela uNdobe;
IziMeya zemiKhandlu yonke engaphansi kweHarry Gwala;
Amakhansela wonke akhona;
Abasebenzi beminyango ngokwehlukana kwayo;
Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo ama-RRTF, ama-CRSC, i-PTPA, uVukuzakhe noZibambele;
Imboni yokuthutha umphakathi;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Kuyintokozo ukuthi egameni lomNyango wezokuThutha noHulumeni wonke waKwaZulu-Natal sesiphinde sathola leli thuba lokuzohlangana nomphakathi walapha eHarry Gwala District ikakhulukazi eMzimkhulu sizokhuluma ngezindaba ezithinta intuthuko.

Ukuza kwethu lapha kuyingxenye yezinhlelo zethu esizenzayo emiphakathini ngale nyanga ka-October njengoba kuyinyanga yezokuthutha. Nani-ke njengomphakathi walapha eMzimkhulu sithe ngeke nisale ngaphandle uma sikhuluma nabantu okuyibona abasithumile ngevoti labo ukuba sibamele kuHulumeni. Sithi ngeke usale ngaphandle uMzimkhulu njengoba siyawazi sonke umlando wokuthi lena ngenye yezindawo ezahlukunyezwa kakhulu ingcindezelo nobandlululo okwashiya imiphakathi yakithi isele emuva ngentuthuko, kunganyakazi lutho nje.

Siyasazi isimo ingqalasizinda yomgwaqo yalapha eMzimkhulu eyayikusona ngenkathi ningena ngaphansi kwesifundazwe saKwaZulu-Natal ngo-2006.

Ngemuva kokubona lokhu lo Hulumeni oholwa nguKhongolose wabe usuqala wenza izinhlelo zokuqinisekisa ukuthi indawo yaseMzimkhulu ibekwa eqhulwini, lokhu esithi i-*priority*, ukuze kube nemali eqondene ngqo nokuvala igebe elalikhona kwingqalasizinda.

Kusukela ngo-April 2007, umNyango wezokuThutha kaZwelonke wabe usuqala wanikezela ngo-R96.6 million esifundazweni ukuze kwakhiwe ingqalasizinda yomgwaqo entsha nokuthi kulungiswe kabusha leyo ekhona kule ndawo yaseMzimkhulu.

Kuthe uma kuqala ihlandla lokuphatha kukaHulumeni ngaphansi kukaMongameli uMsholozi ngo-2009 savumelana ukuthi nakuba kwakuyisikhathi esimbi senzikamnotho emhlabeni wonke, kodwa kwakumele siqhubeke nokuyifaka imali futhi sizame ukuyenyusa unyaka nonyaka wezimali ukuze kuphuthunyiswe izidingo zalapha.

Asizange-ke siguquke kulokho njengoba namhlanje sesikwazi ukusho ukuthi kule minyaka emithathu kusuka kulona esikuwona imali esizoyifaka lapha eMzimkhulu singumNyango wezokuThutha KwaZulu-Natal ibalelwa ku-R500 million.

Yinina-ke eseningofakazi bokuthi njengoHulumeni waKwaZulu-Natal ngaphansi kobuholi bukaKhongolose asenzi nje izethembiso emoyeni kodwa siyazibophezela bese siyenza.

Njengoba namhlanje sivula imigwaqo emibili u-P601 no-P749 okunezigaba zayo eseziphelile, bese futhi simemezela ukuqala kokwakhiwa kwebhuloho iGungununu, lokho kugcizelela khona ukusebenza kwale zimali esikhuluma ngazo.

U-P601 ongu-46.5 km ubude uma usuwonke sesikwazile ukwenza izigaba ezintathu kuwona ngemali engu-R116 million. Kulo nyaka wezimali silindele ukuqala esesine ngemali ebalelwa ku-R100 million. Lo mgwaqo usuwonke silindele ukuba uphothulwe ngonyaka wezimali ka-2018/2019.

U-P749 wona ungu-44 km ubude uma usuwonke. Izigaba ezimbili sesikwazile ukuziqeda kuhlanganisa nebhuloho eMvubukazi konke okudle imali ebalelwa ku-R35 million. Njengamanje siphezu kwesigaba sesithathu esizodla imali ebalelwa ku-R112 million.

Nawo lo mgwaqo uma usuwonke silindele ukuba uphothulwe ngonyaka wezimali ka-2018/2019.

Ibhuloho lomfula iGungununu esimemezela ukwakhiwa kwalo namhlanje sifake imali engu-R26 million kulona. Ngenxa yobukhulu bomsebenzi sizoqala ngalo nyaka wezimali sifake u-R10 million bese siqhubeka nangonyaka wezimali ozayo ka-2015/2016.

Siyajabula-ke futhi ukuthi kukhona namathuba emisebenzi adalekayo kubantu bendawo ngenkathi kuqhubeka izinhlelo zale ntuthuko. Siyazi ukuthi la mathuba kuba ngawesikhashana ngoba asuke eqondaniswe ne-*project* leyo eyenziwayo.

Kodwa kuyaye kusinike ithemba ukuthi ngawo la mathuba abantu bathola amakhono abagcina sebewasebenzisa uma befuna imisebenzi kwezinye izindawo.

Siyazi-ke mphakathi ukuthi nakuba nikujabulela ukusizakala ngale migwaqo emikhulu esikhuluma ngayo, kodwa kuye kungazwakali kahle uma senza le migwaqo kodwa sinishiye ningenayo imigwaqo engenela lapho nihlala khona ukuze nifinyelele kalula kulena emikhulu.

Imigwaqo engenela emiphakathi ibhekelelwa kakhulu ngumasipala wendawo. Kodwa ngenxa yokubona ukungabi nawo amandla anele komasipala, sesakwenza kwawumsebenzi wethu ukuba sinisize ngale migwaqo.

Kulo nyaka nje ikhona nalapha eMzimkhulu imigwaqo esiyakhayo ngemali ebalelwa ku-R7.8 million, esingabala nje:

- uVukuzenzele Locala Road ku-Ward 4 no-6;
- uKhayelisha Local Road ku-Ward 5;
- uMasamini Local Road ku-Ward 13;
- uMnsila Local Road ku-Ward 20;
- uMakhanya/Gudlintaba Local Road ku-Ward 5 no-7;
- Kanye noCebe/Nomgobho Local Road ku-Ward 6 no-9.

Njengoba sazi ukuthi ukufaka itiyela kuthatha isikhathi sako, kukhona nemigwaqo eminingi esifake u-R3 million kuyona kulo nyaka ukuze yenziwe ngcono igugulwe ifakwe nenkwali kabusha, lokhu esithi i-*betterment and re-gravelling*.

Siyazama nokuthi abantu bakwazi ukuwela imihosha egcwala amanzi ukuma izulu linile. Kulo nyaka sifake imali engu-R12.25 million ukuba kwakhiwe amabhulohwana, esithi ama-causeway kule ndawo.

Konke lokhu kusho ukuthi uma singakafiki eduze kwakho, ngempela ungaba nesizathu sokulinda ngoba nakanjani sizogcina sifikile. Vele umgomo wethu emNyangweni uthi uma sesike sangena endaweni asiphumi singaqedile ngama-*project* umphakathi owadingayo.

Kubalulekile-ke futhi ukuthi uma sihlangene kanjena sigcizelele isidingo sezokuphepha emgwaqeni.

Phela sihlale sisho lapho sihamba khona ukuthi asikho isidingo sokwakha imigwaqo ezogcina ithatha izimpilo zabantu njengoba abashayeli bethanda ukushayela budedengu uma imigwaqo isimihle.

Sidinga ukuqinisa imikhankaso yezokuphepha emigwaqeni yethu noma yikuphi lapho sikhona, ukuze sakhe imigwaqo ezothuthukisa abantu hhayi ukubabulala.  Nesiqubulo sethu ngalo nyaka sithi 'ukuphepha emgwaqeni kungumthwalo wethu sonke', okusho ukuthi sonke njengoba silapha kumele sizibophezele ukuthi akukho gazi elizochitheka nganxa yethu emigwaqeni.

Indawo yala yangapha ingenye yalezo esezike zawuhlukumeza kakhulu umoya wami ngezingozi zomgwaqo.

Uma silethe intuthuko yalolu hlobo kuba kuhle ukuba sixwayise abemboni yamatekisi ikakhulukazi laba abasebenzisa amakhumbi abanomkhuba wokudla ngenkani imizila esifakwe itiyela.

Siyazi ukuthi ezindaweni zasemakhaya kunabantu abaphula umthetho abasebenzisa amaveni ukuthutha umphakathi. Kodwa futhi siyakuqonda ukuthi lesi kuseyisimo senkukhu neqanda ngoba abanye bazobuza ukuthi yini efika kuqala phakathi komgwaqo omuhle ongazilimazi izimoto nezimoto ezilungele ukuthutha umphakathi.

Siyethemba kodwa ukuthi ngelinye ilanga sizosithola isixazululo sale nselelo.
Ngizothanda ukunxusa bonke abanikazi bezithuthi zomphakathi abazosebenzisa yonke le migwaqo esiyilungisayo ukuba basilekelele embhidlangweni wokulwa nokufa kwabantu emigwaqeni yethu.

Sengathi singaphuma lapha sonke sivumelene ngokuthi kusuka manje kuze kube uKhisimusi nangemuva kwawo akekho umuntu ozolahlekelwa impilo yakhe emgwaqeni ngenxa yethu.

Ngalawo mazwi sithi siyawubongela umphakathi waseMzimkhulu, sibonga nokuziphatha kahle kwenu.

**Ngiyabonga.**